23 August 1901

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Ipepa lo Hlanga* |
| DATE: | 23 August 1901 |
| Transcriber's note(s): | No author. Presumed written by Magema Magwaza Fuze. |
| CONTENTS: | Article lists white people who stayed at Ekukanyeni, Bishop Colenso's children and several couples. |
| CONTENT WARNING: | Nil |

## Amakosazana nabantwana Ekukanyeni.

NABAFUNDISI NABELUNGU ABAFIKA NO SOBANTU

VI.

Ab'emaningi amakosazana ab'efike noSobantu, imvamo yawo ab'ehlala kanye naye Ekukanyeni. Pakati kwawo kwakukona le'nkosazana oseku uMrs Windham, unina wezinsizwa lezi ezipete umsebenzi yakwomkulu [wakomkulu] namhlanje nalena futhi eyabe ingu Mrs C Bartor [Barter?] owab'etet'amacala pakati kwomGungundhlovu; nalena esingu Mrs Rivett umfundisi oses'England namhlanje, leyo-ke eyabe ilonde umuzi Ekukanyeni inkosi isahlezi eMgungundhlovu, iwulonde kanye nomfundisi u Rev. Walter Baugh owab'eng'umfundisi wabafana; no Miss Baker, namanye nje-ke amaningi.

Inkosi nenkosikazi babenabantwana abahlanu. Owamazibulo uDhlwedhlwe oseku u Nkanise elinye, Miss Harriette Emily; elanywe u Miss Francis Ernest elanywe u Mr uMnyaiza (Robert John, innyanga [inyanga]); elanywe u Gebhuza (Francis Ernest, ummeli); kugcine uSineke (Miss Agnes Mary), oyena ong'owamagcino abo.

Bobahlanu laba'bantwana bakula kahle, betandana nalaba'bafana babantu namantombazana abantu, babengabandhlululwa nga'Into, inkosikazi yabe ijabula ngabo bonke nje yona, belingana kuye (kulowo obukayo). Abantwana laba ababili babafana babejwayelene kahle nabafana laba babantu behamba kanye, kuti ngesinye isikati kufike abaka Somtseu abantwana babafana, bahlale izinsuku ezitile; kuhlanganwe, kwenziwe imisebenzi yobufana, neyokuya kubhukuda nokubamba izinhlanzi emSunduze. Namakosazana lawa amatatu ab'ejwayelene kahle namantombazana lawa abantu, kuhanjwa kanyekanye. Kwema kunjalo pakati kwabo kwaze kwafika izikati zokwahlukaniswa ukukula nokumuka kwokuya kwezinye izindawo kusaloku kutandwana njalo.

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.